mdda
MEDIA DEVELOPMENT & DIVERSITY AGENCY

Xhumana Nenhloso Yesizwe



Umhleli(Editor)
Mduduzi Banele Thwala
060 424 9379



Thokozane Ngubeni
Ezokukhangisa
Advertising
073 2705 290
Sitholakala ku-Room 9
OBC Buildng
Murchison Streert
Inhlosoyezwe@gmail.com

# Ugwetshwe iminyaka emithathu engaphandle otholakele ezingela ehlathini lomlungu ngokungemthetho

**Thabile Nxumalo**

Inkantolo yaseMnambith igwebe umlisa oneminyaka ewu-57 ubudala, obebekwe amacala okuzingela ngokungekho emthethweni.
Inkantolo ithole uMambaso Cordelius Simelane enecala wagwetshwa iminyaka emithathu ngaphandle wahlawuliswa imali elinganiswe ku-12000.
Lesisigwebo sihambisana nomthetho sisekela weBiodiversity Act yango-2004. emele ukuhlinzekela izinhlelo ezihlanganisa izindlela zokulawula ngokulondoloza izilwanyane zasendle ezingaba sengozini noma ezidinga ukuvikelwa, iphinde iqinisekise ukugcinwa ngobuqotho kwazo.
Otholakala ephambana nalomthetho uzovalelwa ejele.
Amaphoyisa athola ukuthi ngenyanga-kaSeptember ngonyaka ondlule uSimelane wazingela ngezinja zakhe kwi-Private Game Reserve, endaweni yaseMnambithi. Kwathi ngenkathi kuqhutshekwa nokuphenya kwatholakala isikhumba sesilwanyane esatholakala kulomlisa senyamazane ebizwa nge-Reed Buck engezinye zezilwanywana ezisencupheni yokushabalala.
Inhlangano elwela amalungelo ezilwane eNingizimu Afrika, i-SPCA (Society for the Prevention of Cruelty to Animals) yase-uMngeni yona ithi,
“Lomkhuba wokuzingela ngezinja, isikhathi esiningi kusuke kungekhona ukuzingeliswa indlala kodwa kuluhlobo lomdlalo nje wokuzichithela isizungu noma indlela yokugembula.
Sekujwayelekile ukuthi abanikazi bezinja bahlangane ndawo thizeni, baqhudelane ngokuthi iyiphi inja ezobuya nesilwanyane esikhulu, esikhathini esifushane.
Kuyaye kugenjulwe ngezinkulungwane Zamarandi.

**“Lomkhuba wokuzingela ngezinja, isikhathi esiningi kusuke kungekhona ukuzingeliswa indlala kodwa kuluhlobo lomdlalo nje wokuzichithela isizungu”.**

# Kutholakale isidakamizwa esisha esibizwa nge Jelly Babies







**Amaphoyisa asenxuse umphakathi ukuba uqaphele kuhlobo lwesidakamizwa elithi alifane nomgwinyo elibizwa mgokuthi i-Jelly Babies elitholakale eThekwini namaphetho.**
**Lesisidakamizwa sibukeka njengamaswidi angatholakala ezitolo adliwa izingane.**
**Uphiko lwezokuphepha emphakathini lenxusa amalunga omphakathi waseThukela namaphethelo ukuba baqaphele ukuba abanytwana abasisebenzisi ngenxa yokuthi babona amaswidi.**

**Mthokozisi Hlatshwayo**

## Kuxwayiswa umphakathi waseMnmbithi namaphethelo ngesidakamizwa esisha i-Jelly Babies

Kuvunjululwe uhlobo olusha lwesidakamizwa esaziwa nge-Jelly Babies ngesikhathi amaphoyisa aseThekwini angenele umkhankaso wokukhuculula emgwaqeni owaziwa ngeHawk Street.
Lesidakamizwa sitholakale zingu 20 March 2016 ngumbutho wamaphoyisa owaziwa nge-Flying Squard and Ogarnised Crime.
Kubikwa ukuthi lombutho ulunywe indlebe nokuthe uma egasela khona athola loluhlobo lezidakamizwa kanye nezinye
Kube sekuphindwa kutholakala neLap top kanye nezibhamu zegesi.
Kube sekuboshwa abasolwa abanemenyaka engu 27 kuya ku 39 ngokutholakala nezidakamizwa.
Ngokwesitatimende samaphoyisa kubikwa ukuthi loluhlobo lwe-Jelly Babies lusazobhekwa ukuthi alukadayiselwa yini izingane emphakathini.
Abasolwa kulindeleke ukuba bavele enkantolo enkulu yaseThekwini.